
USonke nobaba wakhe babehlala eduze kwentaba.




Entabeni lapho kwakuhlala **izimfene.**



ZA_ABP_18_0017_Langutani'sTrick_SS_Inside.indd 3 6/20/23 14:52

Babethanda ukusebenza ndawonye ensimini yabo yommbila.



ZA_ABP_13_0017_Langutani'sTrick_SS_Inside.indd 4 6/20/23 14:52

Nokho babehlushwa kakhulu yizimfene.



ZA_ABP_18_0017_Langutani'sTrick_SS_Inside.indd 5 6/20/23 14:52

USonke nobaba wakhe bayibiyela insimu yabo ngocingo olunameva, nangamahlahla anameva.

Kodwa **izimfene** zalwephula ucingo, zafohla, zangena ensimini.



ZA_ABP_18_0017_Langutani'sTrick_SS_Inside.indd 6 6/20/23 14:52

USonke nobaba wakhe kwabaxaka futhi kwabacasula lokhu. **Babedinga isu!**





Bacabanga, **bacabanga**, baphinde **bacabangisisa** futhi!





ZA_ABP_18_0017_Langutani'sTrick_SS_Inside.indd 9 6/20/23 14:52

Nangosuku olulandelayo
babelokhu becabanga.
Babesebenze kanzima
ngalelo langa.



ZA_ABP_18_0017_Langutani'sTrick_SS_Inside.indd 10 6/20/23 14:52

Sebeqedile emasimini,
baya kogeza.



Ngalobo busuku zatheleka futhi **izimfene.** Zacekela phansi ummbila, zageza nangamanzi abo.



## Umonakalo ongaka!

Ngakusasa uSonke nobaba wakhe babecasuke kakhulu, bazithola sebexakeke kakhulu manje.
Ngempela babedinga isu! Bacabanga, bacabanga!




Khona manjalo uSonke
**walithola isu!**



ZA_ABP_18_0017_Langutani'sTrick_SS_Inside.indd 15 6/20/23 14:52

Ngalobo busuku izimfene zaphinda futhi zageza. Kulokhu-ke uSonke wayefake amaqabunga embati, isihlahla esincinzayo emanzini. USonke nobaba wakhe bahamba.



**Izimfene** zazingasakwazi nokulinda.
Ngaleli langa ummbila zawuyeka,
zangawucekela phansi.



Ukubhukuda emanzini ngayizolo, kwakuzijabulise kakhulu. Zavele zajaha ukuzibhukudela nje; **zaphaxaza, zaphaxaza** amanzi.



Hhawu, zaqala zalunywa emzimbeni izimfene, zincinzwa amanzi anembati.




ZA_ABP_18_0017_Langutani'sTrick_SS_Inside.indd 20 6/20/23 14:52


Bazenwaya, bazenwaya,
**bazenwaya!**



Kusukela ngalobo busuku izimfene zathutha kuleyo ntaba.



USonke nobaba wakhe abaphindanga bahlushwa yizimfene futhi.



ZA_ABP_18_0017_Langutani'sTrick_SS_Inside.indd 23 6/20/23 14:52

Room to Read

**Room to Read South Africa**
1209 Francis Baard Street, The Gables, 1 Floor, Hatfield, Pretoria 0028, South Africa
www.roomtoread.org

*Ngonyaka ka 2018 inhlangano yaka REACH yalekelela inhlangano yaka Room to Read kanye nabashicileli baseMzansi ukusungula babhale izincwadi ezingu 20 ngezilimi zaseNingizimu Afrika. Enye nje yalezo zincwadi yiyo le oyiphethe! Lezi zincwadi zaqalwa zabhalwa ngeSipedi, isiSwati, isiTsonga, isiVenda kanye nesiZulu. Zonke lezi zincwadi zitholakala ngazo zonke lezi zilimi kuhlanganisa nesiNgisi. Ukuthola eminye imininingwane, vakashela ku onedayonebook.org*

*Iqhinga LikaSonke*
Langutani's Trick
Ihunyushwe nguHlengiwe Ngcongo

Room to Read GSD ID: ZA-ABP-18-0016
ISBN: 978-1-928474-00-5

Ishicilelwe okokuqala iSharp Shoot.
Le ncwadi yabhalwa okokuqala ngeXitsonga nguLangutani Christopher Makhubele.
Umfanekisi nguStephen Wallace
Umhlobisi nguCaitlin Sloane
Umhleli nguAlison Ziki
ngosizo lwabakwa-One Day One Book, eGoli, mhla ka-2 Juni 2018.

Uma ufisa ukuthenga izincwadi eziningi, sicela uxhumane nomshicileli ngqo.
Sharp Shoot
Shop 3 A, 4 Devenish St, Polokwane, 0699, South Africa
015 297 8416

Lonke lolu hlelo lwaxhaswa ngezimali siyikhwama senhlangano ebhekela imiPhumela yeMfundo eziNganeni eBhange loMhlaba neNhlangano yoMhlaba yeziNcwadi ilekelelwa uMnyango weMfundo eyisiSekelo.

CC BY

Wonke amalungelo ale ncwadi agodlwe ngabasunguli bazo zonke izingxenye zale ncwadi. Bakhethe ilayisensi yohlobo loHlelo lokuSabalalisa iNcwadi Mahhala, okusho ukuthi incwadi isiyonke ilawulwa yile layisensi. Ngakho, noma ngubani ukhululekile ukufunda, ahumushe, agaye futhi asabalalise le ncwadi. Uma ukhetha ukusebenzisa noma iyiphi ingxenye yale ncwadi, kumele uqhakambise abasunguli bayo.